# *Ukwenza iNdlela*

Sanibona kusihlwa, bangane. Futhi kwangathi iNkosi inganibusisa kakhulu. Futhi ngiyabonga, Mfowethu Neville, ngalokho kuphawula okunomusa. Ngijabula kakhulu ukubuyela etabernakele kulobubusuku, enkonzweni yeNkosi yethu ebusisiweyo, nokubona abangane bethu bephumile, kulobubusuku, ukuyikhonza kanye nathi.

2 Kuyinhlanhla enhle ngempela ukuphinda sihlangane ngapha ukuFika kweNkosi. Emva kokuba sibona, sizwa, abaningi bemuka, ngokungazelelwe, ngokushesha kangaka, siyamangala nje, isikhathi nesikhathi, ubani olandelayo. Kodwa, sinalesisiqiniseko esibusisiweyo, ukuthi uma . . . "akukho okungasehlukanisa nothando lukaNkulunkulu olukuKristu. Akukho ngisho nakufa, na—nalutho olukhona, noma nalutho oluzayo, kumbe nayimaphi amandla, okungasehlukanisa nothando lukaNkulunkulu olukuKristu Jesu." Nokwazi lokhu, ukuthi, "Emva kokuba lelidokodo selidiliziwe, sinalo eselivele lilindile." Elingalungisiwe, elingaxazululiwe; futhi siphumule phezu kwalelothemba elibusisiweyo elinenkazimulo kakhulu.

3 Ngangikhuluma kunkosikazi wami, noNkk. Woods nabo, nje . . . Ngiyabuya. Ngangithi, "Awu, kubukeka nje sengathi uhambo emva kohambo, nendawo emva kwendawo, kodwa, nokho, kuba kuhle kakhulu. Futhi ngi . . . sazi ukuthi siza ekusondeleni, u—u—ukuba seduze kokuFika kweNkosi." Ngathi, "Awu . . . "

4 Ngikhuluma nomfana wami, sehla ngomgwaqo ngoluny'usuku, sivela eSioux Falls, eNingizimu Dakota. Ngase ngithi, "Uyazi, ikhaya liyindawo eyisimangaliso." Sasibuyela emuva siqonde ekhaya. Ngathi, "Siyalithanda lelizwe. Leli yikhaya lethu. Singahle singacabangi ukuthi yilo, kodwa liyilo. Sazalelwa lelikhaya. Leli, uNkulunkulu wasibeka lapha. Sasingenandlela yokuziletha thina lapha. Ngisho nobaba wethu nomama babengenandlela. Lokho kwakufanele kube sezandleni zikaNkulunkulu. Abantu abaningi baganene, abanaye neze umntwana. Kodwa, uNkulunkulu wabona kanjalo ukuthi sasizokuza kulomhlaba.

5 Bese kuthi-ke uma sifika, siqala ukukhula futhi sakhiwe sibe wumzimba, ngama atomu nezinkanyiso, kanjalonjalo, lapho uqala ukubumbeka emhlabeni. Bese kuthi-ke emva kokuba sesithole unyaka othize, yase iyeka ukukhula. Silokhu siyenezelela kithi, kodwa iyemuka. Ukufa sekungenile.

6 "Bese kuthi-ke uma lelidokodo lasemhlabeni lidilizwa, sinalo elilodwa laphaya elilindile." Niyabo? Singena kulelo, siyokwazana. Asikwazi ukuxhawulana; asinamuzwa walokho

kuzwa. Asikwazi . . . Ngeke ngakuxhawula, ngithi, "Sawubona, mfowethu," ngoba ngi—ngi . . . ungeke waba nalolohlobo lwesandla. Kodwa, nokho, asikho emzimbeni wenyama njengoba sinjalo manje, sise—semzimbeni wasezulwini. Bese kuthi-ke uma lona . . .

7 Futhi bengicabanga, ukuthi ezansi eGibhithe, ukuthi ngenkathi uJosefa eshiya isikhumbuzo, kubantwana bakwaIsrayeli, amathambo akhe, ukuthi ngoluny'usuku babephuma. Futhi lapho bephuma, babezohamba namathambo akhe, bakhuphukele ezweni lesithembiso. Futhi wonke umHeberu owayefisa ukubuyela ezweni lendabuko, ngakho akunandaba ukuthi wayephathwa kahle kanjani, nokho ukulangazelela kwakhe kwakungukubuyela ezweni lendabuko. Futhi ngaso sonke isikhathi abedlula ngaso futhi babone lawomathambo, babazi ukuthi ngoluny'usuku babezobuyela ezweni lendabuko.

8 Siselapha, silindele ukuwela kulendawo, sibona ithuna elingenalutho ngapesheya ngaleya eJerusalema, lisazisa ukuthi kukhona into eyenzeka. Kothi-ke uma sesithatha lowo okhazimulisiwe . . . hhayi okhazimulisiwe, kodwa umzimba wasezulwini, bese sihambahamba emazweni eNkazimulo sinoKristu, sibukana, sikhulumisana; siyakwazi ukukhuluma. Imiphefumulo ephansi kwe altare, imemeza, "Koze kube nini na?" Futhi-ke okuyoba yisikhumbuzo lapho ukuthi siza emhlabeni futhi ukuba sidle futhi siphuze futhi silale. Lapho Uyobakhona yena, ehlezi lapho esiHlalweni sobukhosi, emzimbeni wenyama. Amen.

9 Ngoluny'usuku Uyovuka, kulowomzimba wenyama. Futhi lapho Esebuya, lemizimba iyokwembatha ukukhazimula. Khona-ke siyoba njengaYe, futhi siyophila kuze kube-phakade kulowomzimba. Enje pho i . . . I—inamsebenzi muni pho enye into na? Niyabo? Sekuvele kuxazululiwe. Lokho nje yi . . . Gxilani khona lapho nje kuhle kwehange. Futhi nidedele lokhu . . .

> Amathemba ami alakhelwe ndawo engaphansi
> KwaseGazini likaJesu nokulunga;
> Lapho macala onke umphefumulo wami kudeda indlela,
> Khona Uyithemba lami nokuhlala.

10 UKristu kwaba nguYe owakwenza kwenzeka; hhayi ibandla lami, kumbe hhayi ihlelo lami, hhayi abangane bami, kodwa uKristu.

> Yonke eminye imihlabathi yisihlabathi esibishayo, wonke omunye umhlabathi.

11 Akumangalisi uEddie Perronet . . . Babecabanga ukuthi wayehlanya. Futhi ngalolosuku, ehlezi phakathi lapho njengesigqila kubantu, uMoya oNgcwele wafinyelela futhi wathatha ipeni wase uqala ukubhala leloculo elimangalisayo

eliyoculwa enkonzweni ephakeme yokugcotshwa kweNkosi yamakhosi: *Bayede Onke AMandla eGama likaJesu*.

12 Umbiko omangalisayo ovela enhla enyakatho manje. Sasinelobufundisi, hhayi elobufundisi, kodwa elokudla kwasekuseni loSomaBhizinisi abangamaKristu e. . . enhla eMinneapolis, nokudla kwasekuseni okukhulu kunakho konke esesake saba nakho kosomabhizinisi. Kwaphuma izinkulungwane ezimbili.

13 NeNkosi yasipha uMlayezo. Futhi ngalokho kusa, ekubizelweni ealtare, osomabhizinisi abangamashumi amahlanu beza kuKristu futhi wazalwa ngokusha, ngalokho kusa enkonzweni. O, lokho nje kwayixhuxhumisa nje inhliziyo yami, usomabhizinisi engena! Izinkonzo ezimangalisayo, ndawo zonke. INkosi ayidunyiswe, nayoyonke inkazimulo ibe kuYo!

14 Futhi manje nginenothi elincane lapha, elithe, "Ngiyoba nini eIndianapolis na?" NgoJuni 11 kuze kuyoba ziyi 15, ngiyoba seCadle Tabernakele eIndianapolis, eIndiana, ngoJuni 11 zize ziyoba yi 15, ihlala abantu abayizinkulungwane eziyishumi nanye.

15 Emva kwakusasa, sizosuka siye eShreveport, eLouisiana, nokuba lapho iviki lonke eShreveport, eLouisiana.

16 Bese kuthi-ke sisuka siye eShreveport bese siya eHouston, eTexas, futhi siyoba lapho izinsuku ezimbili, okuyoba nguMsombuluko noLwesibili.

17 Bese kuthi-ke ziyi 16 siqala eMexico endala, eDolobheni laseMexico, iMexico endala. UMnu. Arganbright usanda kungibiza nje. Futhi bagcine inkundla enkulu yomdlalo wenkunzi lapho, enendawo yokuhlala izinkulungwane ezingamashumi ayisithupha. Futhi kukhona amabandla angamakhulu amane anokubambisana, asevele asayinile. Sibheke ikhulu lenkulungwane emhlanganweni.

18 Futhi kungokokuqala ukuba lokhu. . . Sinento esingayidumisela uNkulunkulu. Okokuqala emlandwini wase Mexico, ukuba uhulumeni aze emukele iProtestane lingene futhi asinikele indawo ukuba size. Okokuqala emlandweni waseMexico, a—amaProtestane ake emukelwa khona. NalowoJenene Valdivia, unguJenene wempi yaseMexico, ubesanda kuzalwa ngokusha futhi wemukela uMoya oNgcwele. Nangobumnene bakhe kumbusi waseMexico, usinika amalungelo akwahulumeni ukuba singene ngokuvikelwa abombutho. Nokuthi si. . .

19 Nginenkundla enkulu yomdlalo wenkunzi. Leyo yinto enkulu kunazo zonke eMexico. Ihlalisa izinkulungwane ezingamashumi ayisithupha, macala onke kanje, ngaphandle kwe—kwekamelo lapho abenza khona ukulwa, niyazi, phakathi lapho. Futhi sinalo okobusuku obuyishumi ngqo manje,

ngaphandle kokuthikamezeka, ngokuqonde ngqo bonke ubusuku obuyishumi. Ngikhulekeleni.

20 Ngizwa nje i. . .ngizwa umsindo wemvula enkulukazi ezansi lapho. Nje ngi. . .Abantu baseMexico baphansi nje, amakholwa azithobile. Futhi uma bake beneliseka. . .BangamaKatolika. Futhi uma bake beneliseka ukuthi iQiniso liyiqiniso, khona-ke lokho kubaxazululela bonke.

21 Manje-ke, ngishesha ngibuye ngqo eMexico endala, ngibuyele lapha cishe zingama 30.

22 Namhla 1, lelo yiPhasika ekuseni, etabernakele lapha, okwenkonzo yokuphuma kwelanga. Nenkonzo yokuphilisa, ukuba ililandele. Nenkonzo yombhaphathizo ngalobo busuku, etabernakele. Futhi ningabatshela abangane benu, manje, ukuba balethe bonke abagulayo babo nabahluphekile, okwenkonzo yePhasika. Inkonzo yokuphuma kwelanga kusesekuseni ngalokho kusa. Manje-ke, ukulandela lokho, kwenyukele kweleshumi nqo, yisikhathi esijwayelekile sikaSonto sikole ligamenxe elesishiyagalolunye inkonzo yangeSonto ejwayelekile. Nonke nipulane kuyo, uSonto sikole. Ne—nenkonzo yokuphilisa ukulandela leyo, i re-. . .inkonzo yokuphilisa ejwayelekile njengoba sinayo emikhankasweni.

23 Futhi ngakho, manje-ke, iDolobha laseMexico kuzoba ngokokuqala ukuba lombono omusha, iNkosi engitshele wona, uzosebenza ngalesosikhathi. Ngakho sizokuzama futhi, iNkosi ithanda, khona lapha, ekuseni ngeSonto ngePhasika, sisebenzisa lamakamelo amabili,. . .?. . .lapha, niyabo. Ngakho sibheke isikhathi esikhulu lapha, ekuseni ngePhasika.

24 Nobufakazi ukuthi iNkosi uJesu uvukile kwabafileyo, Uyaphila. Yebo, mnumzane. Futhi selokhu Evukile selokhu kwaba yileloPhasika lokuqala. Futhi Ulapha nathi ngisho namanje. Futhi nje ngethemba ukuthi iNkosi izosipha ukuthululelwa okukhulu kwezibusiso zalokho kusa.

25 Bese-ke siyahamba, ukusuka lapha-ke, siya eChicago, ziyi 11, zi 3 kuya ziyi 11. Futhi sisuka ngoMsombuluko, siqale lapho ngoLwesibili, futhi siqale size siyoqeda i. . .Qhabo, kumhla zi 3 kuze kube ziyi 8. Bese kuthi-ke mhla ziyi 11 siqala eCharlotte. . .Qhabo, eColumbia, eNyakatho Carolina. Bese-ke kuba seSpindale, eNyakatho Carolina. Bese-ke, ukusuka lapho, siye eCharlotte, eNingizimu Carolina. Bese-ke kuba seAnchorage, eAlaska, ukusuka lapho; senyuke siyongena eAnchorage, eAlaska. Bese, siyabuya. Futhi nginganqumile, kodwa, mhlampe, mhlawumbe ngalesosikhathi, ithende liyobe selilungele ukuba libe semgwaqeni. O, ngivele nje. . .

26 Niyazi ukuthi ngifuna ukwenzani na? Nizokukhulekela lokhu kanye nami na? [Ibandla, "Amen."—Umhl.] Bukani. Ngifuna, ngaphambi kokuba kube yisikhathi eside kakhulu, iNkosi ithanda, ukubeka lelothende khona lapha kuleliDolobha

laseFall, futhi ngihlale lapho okomhlangano wamaviki amane noma ayisithupha; nje ngihlale khona lapha kuze kuphele impi. Futhi nina nikhulekele lokho manje. Futhi ngizothanda nje ukukunamathelisa lapha phakathi kweJeffersonville neNew Albany ndawo ndawo, futhi nje lingenise cishe indawo yokuhlalisa abayizinkulungwane eziyisikhombisa noma eziyisishiyagalombili kulo. Khona-ke singanezelela ngaphezulu lapho izinsuku ziqhubeka, futhi nje sihlale khona lapha kuze kuzinze. Amen.

27 Bese kuthi-ke, manje-ke, ngicabanga ukuthi-ke mhla ziyi 11 kuya ziyi 15 kuJuni, eCadle Tabernakele eIndianapolis. Bese kuthi-ke, ziyi 17, ngiyakholwa, zize zibe ngama 21 kuJuni, useMinneapolis, estadiyamu sebhola lezinyawo phandle lapho, sihlalisa abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amabili-nesikhombisa. Leyo yingqungquthela yomhlaba yosoMaBhizinisi abangamaKristu, sikhuluma, futhi sinomkhuleko wabagulayo ubusuku ngabunye.

28 Futhi manje ikhulekeleni lena, kwenzeni, futhi nikhuleke kanzima. Ngi—ngiyezwa nje ukuthi asinaso isikhathi esiningi manje. Futhi ngiyakubikezela; angisho ukuthi lokhu yiNkosi ikhuluma lokhu manje. Ngi—ngiyabikezela ukuthi kulonyaka iMelika izokwemukela uKristu noma yenqabe uKristu. Niyabo? Ngikholwa ukuthi lena kuzoba yindawo lapho kufike kujikwe khona, iMelika ezongena kuyo. Sizoba nemvuselelo ngalolusuku, noma ngeke sibe nemvuselelo. Futhi ngikholwa ukuthi yilonyaka iMelika ezokwenza ngawo isinqumo sayo. Futhi ngethemba ukuthi bazophumelela futhi sizoba nemvuselelo enkulu ezoshanela nje. Sinokuningi kakhulu ukushumayela, nobuningi ubuvangeli, kodwa sidinga imvuselelo (asiyidingi na?), imvuselelo yangempela. Yilokho esikudingayo. INkosi inibusise.

29 Ngiyajabula ukubona uMfowethu Graham lapho, futhi—futhi ngi—ngikholwa ukuthi uMfowethu Smith ohlezi phambi kwakhe ngqo, uMfowethu Smith ovela kwichurch of God. Futhi—futhi kukhona abefundisi abaningana phakathi lapha, ngineqiniso. Futhi siyanemukela nonke, bazalwane, ngamunye ngamunye, nezihambi emasangweni akithi, onke amalunga. Siyanithanda nje.

30 Manje ngalezizimememezelo ngokwahlukene, futhi ngiqonda ukuthi kulobubusuku, ubusuku besidlo ngenkonzo yesidlo. Futhi simkhulekele kanzima uMfowethu Neville obambe inqaba yesakhiwo lapha etabernakele, enza umsebenzi omkhulu; nangabo bonke abangcwele ndawo zonke. O, isikhathi esidinga kanje pho! Isikhathi esidinga kanje pho! Ngiyakuzwa kusukela ezansi eAfrika, nobizo olungaka lweAfrika.

31 NoMfowethu Arganbright ubengitshela nje ocingweni, esikhashaneni esedlule, ukuthi inkosi ya—yakwamanye

alawomazwe ezansi phakathi lapho, ngiyakhohlwa nje ukuthi kwakukuphi. Ngikholwa ukuthi enhla lapha eSweden, eSwitzerland. Ngizolithola emzuzwini. EDenmark, ibhale incwadi eyisipesheli ukwenza lena kube yinkathi yonyaka yokuza lapho ngalesisikhathi.

EAfrika naseNdiya, izindawo eziningi ezehlukene!

32 Lapho, iziQhingi zaseHawaii zangena ngolunye usuku. Lokho kuphindwe kashumi ngqo bebize imvuselelo. OsoMaBhizinisi abangamaKristu ufuna ukuphuma aye lapho futhi nje bandize phezu kwayo, benze uhlelo, bahlelele umkhandlu wabakhulu besonto futhi ngikhulume kubo ngalokho kusa, bese-ke ngiqala imvuselelo eHawaii.

33 Ngakho, umhlaba wonke usube yisifunda somfundisi sakithi, niyabo, umhlaba wonke. Futhi thina siyizinceku zaKhe.

34 Ngakho nje asikhumbule, bangane, ukuthi lobu kungahle kube ubusuku bokugcina, lona kungahle kube wunyaka wokugcina, noma kungahle kube yisizukulwane sokugcina. Niyabo? Asazi. Kodwa, empeleni, sazi lokhu okuyiqiniso, ukuthi abaphilayo bazokufa. "Kumiselwe ukuba umuntu afe kube kanye, futhi emva kwalokho ngukwaHlulela." Futhi uma bekhona lapha kulobubusuku, ongakakulungeli ukuhlangabezana nalokho, futhi engenalo lelithemba elibusisiweyo, kwangathi lobu kungaba ubusuku ozonqumela ngabo iNkosi uJesu, kube kanye juqu, okwePhakade.

Manje singake sikhuleke.

35 Baba wethu waseZulwini, sifuna ukuKubonga ngakho impela okuvela ezinjulweni zezinhliziyo zethu, sazi ukuthi silinde lapha, asixakekile nhlobo; akunandaba ukuthi mangaki amabhomu ama atomu abawenzayo, nokuthi bangaki abantu bomsebenzi kahulumeni ababakhiphayo ukuqapha izindiza, izwe linovalo futhi linokuqhaqhazela. Siphumule phezu kwalelithemba elibusisiweyo esinalo. Sethembele emsebenzini osuqediwe kaNkulunkulu eKalvari, ngoKristu. Sazi lokhu, ukuthi emva kokuba lelidokodo lasemhlabeni selingasekho, sinalo eselivele lilindile ngaleya; elikhazimula kakhulu, kude kakhulu, lapho okungekho khona-buhlungu noma ukuhlupheka, ukugula. Akukho-kuguga okuyoke kulishaye, azikho neze izinwele ezimpunga, awukho neze umbimbi, kodwa siyoba basha lapho kuze kube-phakade.

36 IBhayibheli elibusisiwe, elingeke laxoxa lutho kuphela iqiniso, lisinike lesisiqiniseko esibusisiweyo. NoMoya oNgcwele, futhi, ungufakazi, ufakaza okufanayo. Izinhliziyo zethu ziyakulangazelela lokho. Futhi siyazi iBhayibheli lisitshela kanjalo, eliyiZwi likaNkulunkulu, izimbewu okufanele zitshalwe phezu kwalomhlabathi ovundileyo ukusenza siphumule kulelithemba.

37 Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzothinta wonke umuntu kulobubusuku, ongaphandle kukaKristu. Bese ubaletha kulokhu okusondele, ukuhamba okumangalisayo. Philisa abagulayo abahlezi lapha kulobubusuku, Nkosi. Akungabazeki, kulababantu abaningi, kufanele kubekhona ukugula phakathi kwethu. Futhi sikhulekela ukuthi Uzobaphilisa bonke.

38 Manje woza eZwini, Baba. Thatha iZwi eliyintambo yokuphila. Umsuka, Nkosi, zayo yonke impucuko. Sikhulekela ukuthi uMoya oNgcwele uzothatha iZwi ngalinye bese uLinika inhliziyo njengoba nje sinokudinga. Kwangathi singahlanganyela sibunganyele iZwi. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

39 Okokufunda okuncane kwemiBhalo, kulobubusuku, okwe—kwendikimba encane nje, ukuzama ukuzingela ingqikithi yendaba, futhi ngokushesha siqonde eZwini, ukuze sikwazi ukuba nesidlo. Kusasa kunguMsombuluko, ngiyazi asithandi ukucabanga ngalezozinto, zokuba sibuyele emsebenzini, kodwa sifanele sibhekane nalokho. Futhi izikhathi eziningi, niyazi . . . Kodwa, empeleni, lokhu kufaneleke kakhulu kunemisebenzi yethu nakho konke okunye. Niyabo? Ngokuba, umsebenzi wakho uyophelelwa amandla, ngoluny'usuku, futhi wena uyophelelwa amandla kanye nawo. Kodwa uma unokuPhila okuPhakade, awusoze waba nokuphela. KuPhakade; kuphila njalo, okungapheliyo. Kucabange nje. UkuPhila okungapheliyo, akunasiphelo. Lapho isikhathi esiyiminyakanyaka seyedlule, wena uyobe usalokhu ukhona. Lapho izigidi zeminyaka ziphenduphenduka, siyobe sisalokhu sikhona. Ngakho, okwezinsuku ezimbalwa nje lapha emhlabeni, imisebenzi ayisho lutho kangako. Ukusisiza nje sisahamba, sithenge ukudla kwethu okuncane, kanjalonjalo, sidle, okufanele sibe nakho.

40 Manje kwabaseKorinte bokuQala isahluko 10, siqale ngevesi 12.

> Ngalokho-ke *osuka ethi umi akaqaphele angawi.*
>
> *Anifikelwanga ukulingwa okunge . . . ngokwabanye: kepha uNkulunkulu uthembekile, onga* . . . o—othandayo ukuba ni . . . *ngayikuvuma ukuba nilingwe ngokungaphezu kwamandla enu; kepha . . . kanye* nakho konke *nokulingwa kwenu anenzele indlela yokuphepha*, size sibe-*namandla okukuthwala.*

41 Ivesi elihle kanje pho! INkosi mayenezele izibusiso zaYo kulokho. *Ukwenza INdlela*, kuzoba yilokho engizothanda ukukhuluma ngakho, kulobubusuku. Ukwazi . . . Kwangathi Ingenezela isibusiso saYo eZwini laYo, njengoba silalele manje eZwini.

42 Kungumbono wami, ukuthi uma iZwi, elingumsuka, okuyiyonanto ebambelelayo. Izikhathi eziningi ezinkonzweni zami zokuphilisa, ngi—ngizama uku, ngisho noma emva kokuba

othisha esevele edlulile kukho konke, ngizama ukubuya futhi—futhi ngithathe iZwi bese ngibeke isisekelo.

43 Ebusukwini obumbalwa obedlule, ngathola incwadi encane yokugxeka, okwakulungile. Indoda yangitshela, yathi, "Mfowethu Branham, usengumfana nje, nokho." Yathi, "Ngangishumayela iVangeli ungakazalwa." Yayisithi, "Ngi . . . Yonke iminyaka yami engamashumi amane-nane, kodwa nokho . . . " Yayinguthisha wenye iBhayibheli s'kole. Yathi, "Kodwa indoda, leyo yohlobo lwakho, efundisa abantu, kodwa nokho wenze ukuphawula owakwenza ngobuny'ubusuku." Yathi, "Ngicabanga ukuthi kuyajivaza." Yathi, "Wathi uDeveli wayengenamandla okuphilisa." Yathi, "Mhlampe, uma-ke ngingahle ngikutshele ukuthi uDeveli unawo amandla okuphilisa." Yathi, "Manje ubuzongibuza, ukuba ubumi ukhona, ukuthi ngazi kanjani." Yathi, "Ngizokutshela." Yathi, "Edolobheni lakithi, kukhona owesifazane owakhe lapho ono—nomoya okabi. Futhi u . . . Abantu uza kuye ukuba bazophiliswa." Uthi, "Uyaye adonse unwele ekhanda labo, bese ephampa igazi emithanjeni yabo, bese elisongela kulolunwele. Ehlele emfuleni, bese ephosa lento ehlombe lakhe, bese engabheki emuva. Uma ebheka emuva," yathi, "khona-ke isifo sisala naye umuntu. Kodwa ufanele aluphose emfuleni, kube sengathi kwakungukukhohlwa, bese esuka ehamba." Yayisithi, "Amapesente angamashumi ayisithupha abantu, esasilokhu sibabala, baphiliswa." Yathi, "Manje, uma uDeveli engenakuphilisa, kuthiwani-ke ngalokho na?"

44 Ngakho, ngase ngimphendula. Ngathi, "Mfowethu othandekayo, onomusa, ngakho konke ukuhlonipha okufanele eminyakeni yakho," uyabo, "konke ukuhlonipha okufanele eminyakeni yakho yokufundisa, kodwa ngizonitshela manje ukuthi uJesu Kristu washo ukuthi uDeveli akanamandla okuphilisa. Futhi uma uJesu akusho, lokho kwenele, kimi. Wathi, 'Uma uSathane emkhipha uSathane, khona-ke umbuso wakhe wehlukene futhi unokuphela. Futhi angeke amkhipha uSathane.' Khona-ke ubuzongibuza, 'Kungani lababantu baphiliswa na?' Kungani, akusuye umuntu. Umthakathikazi wayengahlanganise lutho nakho, akungaphezu kokuba nami ngingehlanganise lutho nakho, kumbe noma yimuphi omunye umlisa. Ngabantu osondelayo, becabanga ukuthi beza ngendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu ngokuphiliswa kwabo. Ngukukholwa kwabo komuntu ngamunye kuNkulunkulu, owenza ukuphilisa. Niyabo? Lokho ngukusondela abakucabangayo. Akusuye umthakathikazi, ngokuba akungaphezu kokuthi kungaba ngumuntu." Ya.

45 Ngakho, ngakho-ke, iVangeli lingenza kuphela njengoba kuplaniwe, noma lingafinyelela kuphela njengoba iZwi likaNkulunkulu lifundiswa. Nabantu basekele ukukholwa

kwabo phezu kweZwi laPhakade likaNkulunkulu. "Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa ngeZwi."

46 UDr. Adair, lapha edolobheni, umngane wami othandekayo, wathi kimi ngoluny'usuku, wathi, "Billy, awucabangi ukuthi uma abantu bebenokukholwa ukuba bathinte isihlahla lapha, bebeyothola imiphumela efanayo na?"

47 Ngathi, "Wawungaba kanjani nokukholwa kulokho na? Ukuba ubungaba nenani lokukholwa okulinganayo, ukholwe . . . ukholwe ukuthi kwakuyindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu, kuwe ukuba uthinte lesosihlahla, futhi kwenzeke, khona babengakwenza. Kodwa ubani onokukholwa esihlahleni na?"

48 Nginokukholwa kulokhu uNkulunkulu akushilo, futhi nje ngithatha lokho. Ngakho ukukholwa akwakhelwe phezu kwesihlabathi esigudlukayo se—semiqondo yamadlingozi. Kodwa ukukholwa kwakhelwe phezu komgomo, iZwi laPhakade likaNkulunkulu, iDwala leminyaka. Yilapho ukukholwa kuthatha khona indawo yokuphumula kwakho okuqinile futhi akugudluki neze, uma kwakhelwe khona lapho.

49 Manje, ukwenza indlela. Angikholwa ukuthi uNkulunkulu wake waphatha iofisi laKhe ngendlela emahlaphahlapha nje. Ngeke nga—ngaphatha elami, ungeke waphatha elakho. UJesu akafanga eKalvari ukuba athi nje, "Awu, manje mhlawumbe abantu bazongidabukela, ngiza ngiyilokho, ngiye emhlabeni bese ngithatha isimo somuntu. Futhi ngempela bazothola ukusindiswa, mhlawumbe, uma bebona ukuthi ngifa ngokudabukisayo kanjani." UNkulunkulu akakwenzanga lokho. UJesu wafela inhloso eyodwa, nalokho kwakungukuba asindise labo uNkulunkulu azi ngaphambili ukuthi bayosindiswa. Kunjalo. UNkulunkulu wayazi ukuthi wayezobakhona umuntu osindiswayo, futhi kwakufanele kubekhona ukulungiselela, noma indlela eyenzelwe bona ukuba basindiswe. Ukuba wayengekho, insindiso yayingenakwenzeka.

50 Ngakho, uNkulunkulu, azi ngaphambili ukuthi abantu bayosindiswa, azi ukuthi babengobani, Wayefanele endlale ipulani phansi. Manje wena uzothi kimi, "Mfowethu Branham, khona-ke uNkulunkulu wazi ncamashi ukuthi ubani oyosindiswa na?" Ngokuyikho impela. "Awu, Lisholoni ukuthi, 'Akathandi ukuba kubhubhe namunye na'?" Akathandi. Akathandi ukuba kubhubhe namunye, kodwa ukuba bonke beze ekuphendukeni.

51 Kodwa, ukuze abe nguNkulunkulu, Ufanele azi ukuthi ubani oyokwenza lokho, kungenjalo Wayengesuye uNkulunkulu. Isizathu, U—Ungumninimandla. Ungosezindaweni zonke. Ungowazi konke. Wazi zonke izinto. Ukuzo zonke izindawo, futhi unamandla onke. Ngakho, ukwazi ngaphambili kubuka emuva bese kuthi Wakubona ngaphambili lokhu, futhi

wazi, yingalesosizathu Wayekwazi ukusho ukuthi ukuphela kwakuyini, kusukela ekuqaleni.

52 Futhi, ngakho-ke, ngokwazi ukuthi zonke lezizinsuku eziyisimangaliso esiphila kuzo manje, nokuma nokufakaza, nokubona izinto esizibonayo manje, uNkulunkulu wadingeka enze ukukulungiselela.

53 Ngobunye ubusuku, ngamangala kakhulu. Owesifazane omncane ukhuphuka uya emsamo. Leyondawo enkulu engamadola ayizinkulungwane ezingamakhulu amathathu lapho, futhi wayethe ukuzipenda kancane ebusweni bakhe. Wama lapho wayeseqala ukuthuthumela. Ngathi, "UyiLuthela," ngoMoya oNgcwele.

Wathi, "Yebo, mnumzane."

54 Ngase ngithi, "Ulapha ukuba uzokhulekelwa. Futhi isizathu sokuba uhambe ngendlela oyiyo, omabili amadolo ayephukile." Ngathi, "Lokho kwabangelwa yingozi yemoto, nemoto owawuyishayela, eminyakeni emine edlule."

Wathi, "Yiqiniso lelo."

55 Ngathi, "Udokotela wakho ungomncane, umfo omfishane, onempandla futhi ufaka izibuko."

Wathi, "Kunjalo."

56 Ngase ngithi, "Uyelapha ngenxa yokuthi phakathi e—emadolweni, ithambo libe nexhwala, futhi ngisho nenyama iyabola ngasethanjeni."

Wathi, "Kunjalo."

Wayesethi, "Ngabe lisekhona ithemba ngami na?"

57 Ngathi, "Lokho kwencike ekusondeleni kwakho eNkosini uJesu." Ngathi . . .

Wathi, "Ungangisiza na?"

58 Ngathi, "Qhabo, mem. Akekho ongakusiza manje. Kodwa uzofanele uzisize wena ezithembisweni ezihlinzekwe nguNkulunkulu ngawe."

Wayesethi, "Manje ngiyakholwa ngenhliziyo yami yonke."

59 Ngathi, "INkosi ikuphilisile, dade. Ngu ISHO KANJE INKOSI. Usuphilisiwe."

60 Wathi, "Mnu. Branham, kade ngingakwazi ukuguqa," wathi, "iminyaka emine." Esakhala izinyembezi, emi lapho, ehlikihla izandla zakhe. Nezethameli ezinkulu zabantu zikhala izinyembezi, zimbhekisisa; amaLuthela, amaPresbyterian. Ngase ngithi, "Awehleli ngani ealtare bese uguqa phansi na?"

61 Wathi, "Angiguqe khona lapha, khona lapha engiphiliswe khona." Wayengakaze anyakaze ezinyathelweni zakhe, kodwa wazi ukuthi wayephilisiwe. Kukhona okwenzekayo. Niyabo? Wakwazi. Kwakungekho-kuqagela ngakho.

Ngathi, "Guqa phansi."

62 Futhi okokuqala eminyakeni emine, omabili amadolo ephukile futhi onke enamaqhubuqhubu yonke indawo, enzeke yonke indawo, amathambo endawonye; lowo wesifazane, njengowesifazane osemusha, waguqa ngamadolo akhe nezinyembezi zigeleza ezihlathini zakhe, waphakamisela izandla zakhe kuNkulunkulu. Ephilile, wavele nje wasukuma khona lapho, kalula kabi nje, njengentombazane encane, wasuka wathwabaza emsamo. Kwakuyini na? UNkulunkulu wadingeka akwenzele indlela lokho.

63 Manje, Wathumela odokotela, kunjalo. Nodokotela bakahle, futhi babenze konke ababengakwenza. Kodwa uNkulunkulu waseyenzile indlela. Yilokho-ke. Niyabo? Emva kokuba udokotela esehlulekile, ngendlela yakhe, indlela kaNkulunkulu iphakeme kakhulu kunendlela yethu. Into emnandi kangaka pho!

64 Manje, ukucabanga, kulobubusuku, ukuthi wena nami... Singeke, asifuni ukucabanga lokhu, kodwa ngempela sasifuze izwe ngokwemvelo, asithi, njengezingulube. Futhi, kulobubusuku, sesiphenduke saba ngabangcwele. Kukhona okwenziwa. Manje, sasingenakuya eZulwini, sinjengezingulube. Sasifanele siye eZulwini, njengabangcwele, ngakho ukulungiselela kwadingeka ukuthi kwenzelwe lokhu.

65 NoNkulunkulu wakunikeza kahle kabi eTestamenteni eLidala. Emuva eNcwadini kaNumeri, cishe esahlukweni 20, futhi ngale kuEksodusi cishe kwesama 36, 32, futhi sithola ukuthi ngoSuku lokuBuyisana... Nkulunkulu, emifanekisweni, kukhombisa kungakenzeki Ayezokwenza, kokwangempela, lapho efika, okwabe kunguKristu.

66 Umpristi omkhulu wayeyalwa ukuba athathe izimbuzi ezimbili, izimbuzi ezincane, bese ezingenisela ukubuyisana, umnikelo, nenkunzi yomndeni wakhe uqobo. Nabaningi benu bafundi lapha, nabatadishi beBhayibheli, niyazi nje ukuthi ukubuyisana kwakunjani. Kodwa-ke, imbuzi eyodwa... Kwakufanele kwenziwe unkatho. Nonkatho ludle imbuzi eyodwa, yayifa, bese kuthi-ke igazi lalembuzi lalibekwa phezu kwenye imbuzi, nezandla zompristi omkhulu, bevuma izono zabantu, phezu kwembuzi ephilayo. Bese kuthi-ke umuntu owayefanele, athathe imbuzi ephilayo phansi kwengalo yakhe, wayeseya le ehlane lapho imbuzi yayibhubha khona bese iyongena endaweni lapho ehlukaniswa khona ibe yodwa, endaweni eqhelile endaweni. Ingaphinde neze, kulesosimo, ukuba ibuye ingene emndenini wabakubo futhi, kodwa ukuba ihlukaniswe ibe yodwa kuze kube-phakade, ithwele izono zabantu imuka.

67 Manje, ngiyazi izifundiswa eziningi, mhlampe, bahlezi lapha. Futhi ikakhulukazi ama-Adventisti, a—athi, "Eyodwa

imbuzi kwakunguKristu, nenye kwakungudeveli." Manje, bazalwane, ngifanele ngehluke kancane kulokho. Ngeke sanikela ngomhlatshelo kudeveli. Zombili izimbuzi zazimele uKristu. Zombili kwakunguKristu. UKristu ungeyethu . . . Wophela izono zethu futhi Wazithwala yena uqobo lwaKhe, wamuka. Udeveli ngeke azithwala izono zami. UKristu ungumthwali wezono zethu. Kutholeni ngqo, khona-ke ukukholwa kwenu ngeke kugudluke. UKristu ungumthwali wezono zethu, nezono zezwe.

68 UKristu wayeyisilwane esifayo esiphambanweni, lalelani, "IWundlu elihlatshiweyo kusukela ekusekelweni kwezwe." Futhi yimifanekiso kuphela, sasidweba amanani abekelwe ukwehlukaniswa ngamanye, sazi ukuthi okwangempela okufanekiswayo kwakuzofika ngoluny'usuku.

69 Wahlatshelwani kusukela ekusekelweni kwezwe na? Isizathu, uNkulunkulu wabona emqondweni waKhe, ukuthi lezozinto ziyoba kanjani, nokuthi ibandla liyoba yini, nokuthi yonke into iyoba yini, futhi Wakhuluma iZwi. Futhi uma uNkulunkulu ekhuluma iZwi, kuvele kufane nokuthi sekwenziwe, ngaso lesosikhathi, ngakho Wahlatshwa kusukela ekusekelweni kwezwe. Niyakubona na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

70 Uma nehlela kulokho manje, futhi nidedele ukukholwa kwenu kuphumule ngesizotha; hhayi phezu komuntu, hhayi phezu kwesayense yezenkolo yomuntu, hhayi phezu kwamahlelo amabandla, emahle enjalo, umuntu emuhle enjalo. Ukukholwa kwakho akuphumule kuphela emisebenzini kaKristu esiqediwe eKalvari, ngakho kokubili isono nensindiso. Niyakubona na?

71 Qaphelani, uKristu wafika, futhi Wayeyisilwane esifayo, ngoba Wayesevele (ekufaniseni ngaphambili) ehlatshiwe ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Niyakubona na? UNkulunkulu wakukhuluma futhi wathi kuyoba njalo. Ngakho, uma uNkulunkulu ekhuluma, sekuqiniswe kuze kube-phakade eZulwini. IZwi, i . . .

72 Yilapho ebenifanele nibe nokukholwa khona. Uma nikukholwa lokhu ukuthi kungelaPhakade likaNkulunkulu, iZwi elingaguquleki, khona-ke sonke isiyalezelo esikhulunywe eZwini likaNkulunkulu siyiMbewu. Futhi yonke into uNkulunkulu akhulume ngayo, eZwini, isivele iqinisiwe eNkazimulweni. Futhi inikwe nina ukuba nisebenzele phezu kwayo. Ngakho ningesabi ukuthatha noma yimuphi umkhakha welaPhakade likaNkulunkulu, iZwi elibusisiwe, bese niLigxilisa okwehange enhliziyweni yenu. Manje, Lifanele libe semhlabathini.

73 Manje, isibonelo nje, ngathatha uhlamvu lommbila ngase ngilufaka etsheni ipumy eliluhlaza s'bhakabhaka noma into efana naleyo, mhlawumbe lungeke lumile, ngoba wuhlobo

olungalungile lomhlabathi. Kodwa uma lungena kolungile, umhlabathi omnyama ongaphezulu ovundile, luyomila njengoba impela lubekwe phakathi lapho. Futhi uma iZwi . . .

74 Nakhu manje! Uma iZwi likaNkulunkulu liwela enhliziyweni egcwele ukukholwa, lifanele nje limile. Lifanele libambelele. Yingalesosizathu owesifazane omi lapho, namadolo omabili ekhalisiyamu isakhamathambo kanjalo, ezicucwini, nokwephuka kwamadolo, lapho omabili lafihlizeka khona, namathambo ebolile enexhwala, ne . . . inyama futhi. Wayengesabi ukukhothama ngamadolo akhe. Ngenxa yani na? IZwi laliwele ekukholweni. Liyavumbuka! Niyakuthola na?

75 UNkulunkulu, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, washo ukuthi uKristu wayezoba lapha. Futhi Wayezohlatshwa, afe, ongenacala ngenxa yabanecala. Futhi ngenkathi uNkulunkulu ekukhuluma, kwase kuvele kuqinisiwe ngenkathi uNkulunkulu ekukhuluma.

76 Manje, ngaphambi kokuba kube yizwi, kufanele kube umcabango, ngokuba izwi lingumcabango ozwakalisiweyo. Bese kuthi-ke uma uNkulunkulu, emqondweni waKhe, azibona lezizinto, ngaleyonkathi zazisemqondweni waKhe. Kwase kuthi-ke, Wazikhuluma, futhi zifana nokuthi nje seziqediwe uma uNkulunkulu ekhuluma, ngoba Ungongenasiphosiso futhi angenze lutho olunye.

77 Manje-ke, isimo sikaNkulunkulu sokuziphatha. Uma uNkulunkulu asindisa izoni emuva lapho, esisekelweni sokwemukela umnikelo wokushiswa, umhlatshelo wahlinzekwa, Uzofanele enze into efanayo namhlanje, kungenjalo Wayenephutha ngenkathi Ethatha umuntu wokuqala emngenisa ngawo. Uma uNkulunkulu aphilisa abagulayo emuva lapho phezu kwezisekelo zegazi elichithiweyo lesilwane, phezu kwezisekelo zokubuyisana, Uzofanele enze okufanayo namhlanje, kungenjalo Wayenephutha ngenkathi Ephilisa umuntu wokuqala. Niyabo? Angeguquke.

78 Siyakhula. Siyavuthwa. Sithola izinto ezingcono. Sikhuluma ngezinto ezingcono. Sigqoka izingubo ezingcono, sishayela imoto engcono. Siqhubekela phambili.

79 Kodwa uNkulunkulu angeqhubekele phambili ngaleyondlela, ngoba wayephelele kwasekuqaleni nje. Futhi ukuphelela ngeke kusaqhubekela phambili; sekuvele kungukuphelela. Amen. Ngakho Akadingi ukuba athi, "Awu, lona ngunyaka ohlukile, sesinomcabango ongcono manje." Uma kunjalo, ngeke Aba nguNkulunkulu. Ngakho, uma EnguNkulunkulu, Akukhuluma emuva lapho, Uzofanele ahlale nakho, ngoba Wayephelele lapho futhi uphelele manje. Niyabo? Niyakubona na? Manje-ke, Angeqhubekele phambili. Ange . . . Awu, ngisho ukuthi, Angeke enza-ngcono izinto. Enze lokhu kube ngokuncane . . . athi, "Lokhu kuzoba ngconywana."

Wena uthi, "Kuthiwani ngewundlu elidala, naleliWundlu na?"

80 Lowo kwakungumfanekiso, ulindele Lona, futhi Wathi kwakuyiwo. Wakhuluma ngeWundlu elihlatshiwe kusukela ekusekelweni kwezwe, ekuqaleni. "Ngiyakubeka ubutha eNzalweni yaKhe nenzalo yenyoka." Bese-ke kuba ukulindela lokho kugcwaliseka kwesikhathi okwafikayo, uNkulunkulu wanikeza inhlawulo yesono, ngegazi elichithiweyo lewundlu, likhomba.

81 Wanikeza into efanayo ngenyanga, ebusuku, ngokuba yilanga emini. Inyanga iyisithunzi selanga, noma ilanga likhanya enyangeni, lenza isithunzi. Inyanga nelanga yindoda nomfazi. Futhi ngenkathi ilanga lisahambile, liphosa ukukhanya kwalo enyangeni, ukusinika ukukhanya okuthe ukuba kuncane kuze kufike ilanga. Futhi uma sekufika ilanga, inyanga iyafiphala.

82 NoKristu uyiLanga Ohambe waya eNkazimulweni, futhi ekhanya phezu kweBandla, nohlobo olufanayo lokuKhanya Ayekukhanya ngenkathi Elapha. NeBandla lingukuKhanya kwezwe kuze kufike uJesu futhi konke kuncibilika ndawonye. Njengokukhanya kwenyanga nokukhanya kwelanga kuba ngukukhanya okukodwa, uma kuqhamuka kanyekanye. Futhi uma uKristu neBandla laKhe kuhlangana ndawonye, esikhathini esikhulu seminyaka eyiNkulungwane, baqhamuka babemunye.

83 Futhi namhlanje, "Nina ningukuKhanya kwezwe." EBukhoneni baKhe . . . Lapho Yena engekho, njalo, Unika nina ukuKhanya ukuba nikhanye ngakho, Eselapha. Zonke izinto ezindala, zonke izinto zomhlaba, zingumfanekiso wokwaseZulwini.

84 Ngisho nasezilwembini, imibankwa, nezinyoka, kanjalonjalo, kuphela zingumfanekiso womoya ababi, bebonisa emuva. Kwakungani umdlavuza ubizwe ngomdlavuza na? Ngoba unesimo senkalankala. Negama *umdlavuza* kuchaza "inkalankala."

85 Manje, niyabo, zonke lezozinto ezingumfanekiso nezithunzi. Ngakho, imbuzi eyisesulelo eyayixoshelwa ehlane, endaweni ehlukaniselwe yona yodwa, yehlukaniswe kwizakhamizi ezingabafo bakubo uqobo, ithwele izono zabantu ekhanda layo, kwakungumfanekiso kaKristu ehlukaniswe noNkulunkulu, nangaphandle koBukhona baKhe, futhi wathwala izono zethu waya esihogweni. Nalapho uNkulunkulu akaMvumelanga . . . UDavide wathi, "Angiyikushiya ONgcwele wami abone ukubola. Angiyikushiya umphefumulo waKhe ehayidesi." Futhi ngosuku lwesithathu, wavuka futhi enzela ukulungisiswa kwethu. Kodwa Wayefanekisa imbuzi, imbuzi eyisesulelo,

kanti futhi nembuzi yomnikelo wesono. UNkulunkuu enza amalungiselelo, nendlela ehlinzekiweyo!

86 UNkulunkulu njalo enza indlela yokuphunyuka, ngaso sonke isikhathi. Ukugula kukuvalela ekhoneni. USathane ukuvimbezela endaweni emva kokuba usungumKristu.

87 Mhlawumbe ubungumgembuli. Niyakubona na? Amakhadi asetafuleni. "Woza, John, siyazi ukuthi kukuwe." USathane ulapho ukuba akulinge. Kodwa uNkulunkulu, ngaso sonke—sonke isikhathi, uyokwenza indlela yokuphunyuka uma nje uzokwemukela.

88 Mhlawumbe kade uyisi—sidakwa, neglasi iphansi kwekhala lakho. "Manje, woza, John." Manje, uma ufuna ukulinaka lelophimbo, uyohamba uqonde ngqo ekuzibhixeni kwakho futhi.

89 Kodwa uNkulunkulu ulapho njalo. Phendulela umqondo wakho ngaseZulwini, bese ubheka ngaseKalvari, bese uthi, "Moya oNgcwele obusisiwe, woza kimi. Ngiyadinga." Bhekisisa ukuthi kwenzekani. UNkulunkulu uzokwenza indlela yokuphunyuka, ngaso sonke isikhathi, ngokuba Uzokwenza. UNkulunkulu ubekwenza njalo.

90 Futhi manje qaphelani. Ngaphambi kokubhujiswa kwezwe, lapho amadoda ayeyizoni, nabantu babeyizoni ezweni, uNkulunkulu wenza indlela yokuphunyuka kulabo ababefisa ukuphunyuka ngayo. UNkulunkulu wayenomkhumbi owakhiwe, olungisiwe. UNowa wasuka wakha umkhumbi, ngokulungiswa kwalomkhumbi, ngokulungiselela indlela. Lalelani. Kusukela e. . . kwenzelwa indlela yokuphunyuka, ku . . . Ulaka nokwahlulela kukaNkulunkulu kwakunqwabelana emazulwini, ukuba luthululelwe phezu kwesizwe esiyisoni nabantu abayizoni, abakwenqabayo, nabantamo-zilukhuni, bahamba baphikisana nemiyalo kaNkulunkulu. Sonke isikhathi lolulaka lwalunqwatshelwa emazulwini, ukuba luthululelwe phezu kwabantu, ekwahlulelweni, uNkulunkulu onomusa wenza indlela yokuphunyuka kulabo abafisa ukuhamba kuyo. Indlela yokuphunyuka.

91 Manje sesifike endaweni futhi lapho izahlulelo zinqwabelana khona. Futhi uma lolosuku, izwe lingakabhubhi ngamanzi, kuningi kangakanani okwanamhlanje, lapho ukuphela komlando wesikhathi, lapho ukuphela komlando wezizwe, futhi kwase kuza kuvuthwondaba! Lukhulu kangakanani ulaka lukaNkulunkulu phezu kwezigidi zabantu abanye abaningi, beqonga ndawonye, isono sesize sacwila ezweni, selize liyayendezela njengendoda eyisidakwa ibhadazela iya ekhaya ngaphambi . . . ? . . . Sekuhambe kwedlulela ngaleya kwenyanga nezinkanyezi, sekuze kwafika e—ezingutsheni zikaJehova weSabatha.

92 Manje-ke, uyabhadazela phansi komthwalo wesichasiselo esibonwa ngukucabanga kwengqondo salo impela esenziwe ngumuntu, kokuzilondolozela kwalo, kwesayense yalo uqobo yezenkolo. "Bathathe imiYalo kaNkulunkulu futhi bayenza ize, ngokufundisa amasiko abo abantu. Bethanda izindumiso zabantu kunezindumiso zikaNkulunkulu." Othisha bakithi base bephenduke baba yisivivi, futhi bekubeke phezu kokujoyina ibandla, futhi bethi, "Kulungile, inqobo nje uma nisonta. Khohlwani nje yikho."

93 Kodwa, mfowethu, uNkulunkulu wenza indlela yokuphunyuka. Futhi nizofanele nivumelane noNkulunkulu, futhi lokho kungoKristu Jesu iNkosi yethu. Asikho esinye isisekelo esibekwayo kuphela yileso esesivele sibekiwe, qhabo, akukho noyedwa. Ukwakha phezu kwanoma yisiphi isisekelo, kunjengezinhlanga nodaka, izikhukhula ziyosikhukhula, nokuwa kuyokuba kukhulu. Kodwa uJesu wathi, "Phezu kwalelidwala, Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango ehayidese awayikuLahlula." WaLakhela phezu kwani na? EQinisweni lokomoya elembuliweyo ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu.

"Umuntu uthi Ngingubani mina iNdodana yomuntu na?"

94 "Abanye bathi 'uEliyase,' nabanye bathi 'uMose,' nabanye bathi 'uJohane umBhaphathizi,' kanjalonjalo."

"Kodwa nina nithi Ngingubani na?"

95 Ngaphandle kokunqikaza, ngaphandle kokuthatha elesibili . . . Lalela, soni. Yileyondlela osemukela ngayo. Wayekade enaYe; wayazi ukuthi Wayeyini. Kwase kuthi-ke ngaphambi kokuba ngisho acabange okwesibili, uMoya oNgcwele wambamba, wayesethi, "Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo."

96 Wathi, "Wena, ubusisiwe wena Simoni, Simoni kaJona, ngokuba inyama negazi akukwambulelanga lokhu. Awuzange ukufunde lokhu kwisayense yezenkolo yomuny'umuntu. Awuvelanga nakho ekholiji. Kodwa uBaba waMi OseZulwini ukwambulele khona. Phezu kwalelidwala, Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango ehayidese awayikuLahlula."

97 Ozamcolo bangafika, nokwama atomu kungawa, nakho konke, kodwa lowo onokuphepha kuKristu uyogibela isiphepho sokwe atomu, ngokufanayo njengoba uNowa enza esiphephweni sikazamcolo, ngokuphepha emkhunjini. Ukukholwa kwenu makuqathake kungene kulokho, kanye, nibone ukuthi kwenzekani; edwaleni likaNkulunkulu eliqinile, emifanekisweni. UNkulunkulu wenza indlela yokuphunyuka, ngaso sonke isikhathi. Ufanele enze indlela yokuphunyuka. Uma kufika isikhathi secebo lokuphamba, uNkulunkulu unguNkulunkulu . . .

98 UJehova-jire! Ukuthi *Jehova-jire* kuchaza ukuthi, “iNkosi Iyozibonela ngokuzihlenzekela umhlatshelo,” ngokuba iNkosi Iyozihlinzekela indlela yokuphunyuka. UNkulunkulu angayihlinzeka ngoba UnguMdali. Futhi uNkulunkulu, kanye kwaphela nya, eKalvari! Amen! Lapho, lapho ngenkathi iNgelosi enkulu yaseZulwini, lapho zonke izifunda zamademoni zithuthumela, lapho umhlaba uthatha ukuphelelwa amandla emizwa futhi wangqangqazelisa ithuna, futhi lapho ilanga laba nokudikiza futhi lalenga emuva ngaleya futhi lajika lamnyama, lapho inyanga nezinkanyezi zazamazama zawunguza ezindaweni zazo, abahlengiwe beminyaka yonke, naseminyakeni eyofika, bayoliqonda lelohora.

99 Lapho iNdodana kaNkulunkulu ifa lapho, yamhlubula uSathane onke amandla. Ngisho nokufa, nesihogo, ithuna, nakho konke ukwesaba, kwagwinywa konke lapho eKalvari. Lapho Ekhokha inani eliphakeme kakhulu nalapho iWundlu lifa, nezono zabekwa phezu kwaLo, Lalingumthwali-zono, lazithatha laziyisa esihogweni lapho zingezakhona. NoNkulunkulu waLivusa ngosuku lwesithathu. Futhi ngokukholwa yilokho, silungisiswa ngokukholwa, ezisekelweni zeGazi elachithekayo leNkosi uJesu Kristu. Amen. UNkulunkulu enza indlela yokuphunyuka.

100 O, mfowethu, njengoba ubona i. . .uzwa iambulense ikhala, njalo uma uyizwa eyodwa, yisiphawuli sokuthi uya kuleyondlela. Njalo uma wedlula emangcwabeni, yisiphawuli. Uya kuleyondlela. Njalo uma kuqhamuka umbimbi ebusweni, nonwele olumpunga ekhanda, yisiphawuli. Uya kuleyondlela.

101 Akumangalisi, ngalesosikhathi, uPawulu wayengasho, nalelothemba langempela lijulise okwezimpande futhi ligxilile kuye, kanje. He! Lapho esefika ekugcineni komgwaqo, wathi, “Ngikulwile ukulwa okuhle. Ngiqedile ibanga. Ngigcinile ukukholwa. Ngakho-ke, sengibekelwe umqhele wokulunga, iNkosi uMahluleli olungileyo eyakungipha wona ngalolosuku, kungeyimi ngedwa, kepha wonke lowo othanda ukubonakala kwaYo.”

102 Lapho usukhathele yilokhu ukuphila okudala, futhi uyothanda ukubonakala kweNkosi uJesu kangcono kunoma uthanda ukudla kwakho etafuleni, noma umkakho, noma abantwana bakho, khona-ke kukhona umqhele obekelwe wona. Hhayi umqhele, umqhele wegolide ukuba ubekwe phezu kwekhanda lakho. Kodwa umzimba, okhululekile ebuhlungwini, u. . .othweswe umqhele eNkazimulweni kaNkulunkulu, uthweswe umqhele ekungafini kukaJesu Kristu. Yilokho-ke obekelwe khona, ukuthi iNkosi, uMahluleli olungileyo ayokupha khona ngalolosuku. Yilolosuku esilubhekile. UNkulunkulu wenze indlela yokuphunyuka kithi sonke. Impela Uyenzile.

103 Ngenkathi umprofethi uDanyeli, umntwana kaNkulunkulu, waphoswa emphandwini wezingonyama. Kwakukhona isikhathi lapho khona uDanyeli, engothembekile, avula khona amafastela futhi wayengesabi ukuthi inkosi yathini. Futhi lapho i . . . wakhuleka, kungakhathaleki ukuthi isimemezelo senziwa, uDanyeli wakhuleka noma kunjani, lapho ebhekise ubuso eJerusalema futhi wakhuleka. Uma abantu bebhekise ubuso eJerusalema futhi bakhuleka, umuzi lapho umhlatshelo wokushiswa wenziwa khona . . . Yingalesosizathu uDanyeli abheka ngapho futhi wakhuleka, ngokuba iNkosi yase ivele ithe, "Abantu uma bebasenkathazweni noma yinini, futhi babheke ngakulendawo engcwele, futhi bakhuleke, bese ezwa . . . Ngiyozwa ngiseZulwini," lapho uSolomoni enikela ithempeli.

104 Yingalesosizathu uJona waba nokukholwa akwenza, lapho wayenokhula lwasolwandle lumthandele entanyeni yakhe, futhi emi ekuhlanzeni, esiswini somkhome, le phansi ekujuleni kolwandle, nolwandle olunesiphepho. Wathi, "Bangabanaka okuyize kwamanga. Kepha ngiyakuphinda ngibuke ithempeli laKho elingcwele, Nkulunkulu." UNkulunkulu wenza into ethize. Wenzela uJona indlela yokuphunyuka. Akwenzayo, akekho owaziyo. Leyo yimfihlo okungeyakhe uNkulunkulu.

105 Kodwa, akunandaba ukuthi kwakungenakwenzeka kuphi, uNkulunkulu anga—angazishintsha izimo zenhlalo. Angenza okungenakwenzeka kuphenduke kwethembakale ukuthi kungenzeka. Futhi kungabi ukwethembakala ukuthi kungenzeka kuphela, kodwa angakwenza kube yikho ngempela, uma abantu bemthatha eZwini laKhe uNkulunkulu futhi bemukele indlela ehlinzekiwe uNkulunkulu ayihlinzekele bona.

106 UNkulunkulu wenza into ethize. Ngahle ukuba wehlisela ithende lomoya-mpilo ioksijini. Angazi ukuthi Wenzani esiswini salowomkhome, kodwa Wagcina uJona phakathi lapho izinsuku ezintathu nobusuku, njengomfanekiso, ukuthi uKristu wayezolala ngaphandle komoya-mpilo ioksijini, esiswini somhlaba, bese kuthi ngosuku lwesithathu Uyophuma futhi. Kwakungumfanekiso. Wenza indlela yokuphunyuka. Uyohlala eyenza njalo.

107 Lapho uDanyeli ema lapho, namabhubesi eza, egijimela kuye, kwakungekho ukwesaba kuleyonhliziyo yongcwele omdala. Kodwa wama lapho, noNkulunkulu wayengakaqedi ngaye. Futhi ngaphambi nje kokuba amabhubesi amdumele, neNgelosi yasabalala phambi kwawo, akungabazeki kepha kwakungukuKhanya okufanayo okuvuthayo okwabonakala kuSawulu waseTarsu, esendleleni eya eDamaseku.

108 UkuKhanya okukhulu kwakhanya-bha. Futhi babuka, futhi abazanga ukuthi kwakwenzekani. NoSawulu wawa ehhashini lakhe. NePhimbo lavela ekuKhanyeni, lithi, "Sawulu, Sawulu, uNgihluphelani na?"

Wathi, "Ngubani, Nkosi na?"

Wathi, "Yimina, uJesu, omhluphayo."

109 Kwakungabantwana bamaHeberu ababekade bethembekile esithembisweni sikaNkulunkulu, owayelele ezansi lapho esithandweni somlilo . . . noma eBhabhiloni, njalo, eya esithandweni somlilo. Isinyathelo esisodwa phakathi kwabo nokufa.

110 Kungakanani okungaba kubantu lapha kulobubusuku. Kungahle kube wusuku phakathi kwakho nokwehlukana-Phakade. Nizokwenza isinqumo senu manje. Indlela ihlinzekelwe nina uma nizokwemukela. "Isinyathelo esisodwa," kwasho uJonatana kuDavide, lapho beciba u—u—umnsalo, "isinyathelo esisodwa phakathi kwami nokufa."

111 Nesinyathelo esisodwa phakathi kwabo nokufa. Kodwa nje ngalesosikhathi esibucayi, uNkulunkulu wahlinzeka indlela yokuphunyuka, futhi Wathumela phakathi kulesosithando somlilo iNkosi uJesu Kristu, futhi waqhubeka nokuphebeza umlilo usuke kubo.

112 KwakunguEnoke, owayezisho ukuthi wayehamba noNkulunkulu iminyaka engamakhulu amahlanu futhi wayenobufakazi ukuthi wa "mthokozisa uNkulunkulu." Wayenokukholwa ukuthi waye "ngezukukubona ukufa." Wayengakwenza kanjani uNkulunkulu na? Kwakungekho ngisho indiza eyijeti ngalezozinsuku, ukumsukumisa ngezinyawo zakhe. Kodwa uNkulunkulu wahlinzeka indlela, ukuthatshathwa, owathatha uEnoke wasuka emhlabeni waya eNkazimulweni, ngaphandle kokuthi emukele ukufa.

113 KwakunguElija owawelela ngaphesheya kolwandlekazi . . . noma uMfula iJordani ngalolosuku, ngokulwehlukanisa ngapha nangapha. Lapho uElija wayeselungele ukuya eZulwini, ngaphandle kokufa, kwakunguNkulunkulu emhlinzekele indlela. Hhayi indiza eyijeti, kodwa Wathumela inqola yoMlilo, idonswa amahhashi oMlilo. UNkulunkulu wahlinzeka indlela, ngomzuzu, indlela yokuphunyuka ekufeni.

114 KwakunguMose, ngiyakholwa, owalandela abantwana bakwaIsrayeli . . . noma owabaholayo, elandela ukuKhanya, iNsika yoMlilo, edabula ehlane. KwakunguMose owahlala kwaze kwaba sekupheleni. KwakunguMose, iminyaka eyikhulu namashumi amabili, emva kweminyaka engamashumi ayisishiyagalombili yokukhonza uNkulunkulu, owama phezu kwentaba wase ebheka ngaphesheya ezweni lesithembiso, nezinyembezi zigingqika ezihlathini zakhe, zendoda endala, ikhulu namashumi amabili eminyaka ubudala. Wayeze ngokudabula eziqintini ezinameva. Wayegxambuze emanzini ajulile. Wayenambithe isitsha esibabayo, isitsha senyongo nosizi. Wayekade enabantu abangalaleli, njengomelusi wabo. Wayekade ebahole kuzindawo ngezindawo, futhi

wababekezelela ekukhonondeni kwabo. Futhi waziphosa yena esikhaleni, wayesethi, "Nkulunkulu, thatha mina ngaphambi kokuba Wenze kubo."

115 KwakunguMose owama lapho, njengendoda endala, azi ukuthi ngandlela zonke wayeyisifanekiso sikaKristu, azi ukuthi ngandlela thize, ngenye indlela, uNkulunkulu impela uyomthatha, ngoba Wayefanele amvuse futhi, njengesifanekiso sikaKristu. Wazalwa njengomprofethi, njengoKristu. Futhi hhayi umprofethi kuphela, kodwa umholi, kanjalonjalo. Wasuke wayofihlwa emihlangeni, futhi kanjalo noKristu wayiswa eGibhithe. Wayengumnikezeli-mthetho, njengoba uKristu wayenjalo entabeni yomNqumo, owayehlala kusukela eSinayi. Ngandlela zonke, wayeyisifanekiso sikaKristu.

116 Futhi ngenkathi esemdala, nokufa kumgqolozela ebusweni, uyoke akulethe kanjani ukuvuka na? Kodwa nje njengoba isikhathi esibucayi sifika, uNkulunkulu wahlinzeka indlela. Lapho umphefumulo usuphuma, nokunkwankwaza entanyeni yakhe, wabuka, okuseceleni kwakhe, futhi nakho kwakumi iDwala. UNkulunkulu wahlinzeka ngeDwala. IDwala lalinguKristu Jesu owayesehlane. UMose wahlala isikhathi eDwaleni.

117 Nkulunkulu, ngiphe umusa ukuba ngihlale isikhathi entweni efanayo. Futhi lapho umphefumulo wempilo yami usuhoshwa kulomzimba, mangibone iDwala limi lapho.

118 Wagibela eDwaleni, neziNgelosi ziyafika zase zimthwala zihamba naye. Emva kweminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili kamuva, wayemi ePalastine, noElija, emi lapho ekhuluma noJesu, phambi kwesiphambano. UNkulunkulu wenza indlela yokuphunyuka.

119 Ezimbili zezinto ezinkulu kunazo zonke eTestamenteni eLidala, engingazibona eziprofethweni, amaqembu amabili amakhulu angavumelani, kwakuyilokhu. Abantu babebheke isikhathi kuze kube lapho uMesiya ayezofika khona. Kwase kuthi-ke, emva kokufika kukaMesiya, babebheke isikhathi, lapho uMoya oNgcwele ayezofika khona.

120 Ekugcineni, ngesikhathi esifaneleyo, zonke izifanekiso emuva le, ababenazo ngabaprofethi nakho konke, zonke izifanekiso nokubuyisana ababenakho, ekugcineni uMesiya uyafika, futhi kwaxazululwa ngoba uNkulunkulu wayesho njalo.

121 Base-ke bebheka isikhathi, e "Bandleni elikhulu nelinenkazimulo elalingezukuba nasisihla nambimbi," elalizokhanya emhlabeni njengenkanyezi. Babebheke lesosikhathi. Kuzobanjani? Wayekade efile izinsuku ezintathu nobusuku. Wavuka futhi. Wabonakala emakhulwini amahlanu, Wasenyukela eZulwini. Wabashiya emhlabeni lapha, bebodwa. Kwakungaba kanjani yiBandla elinenkazimulo leli, lapho

uMholi wayesehambile na? UNkulunkulu wethembisa iBandla. Kwakungaba kanjani ngukuKhanya okwakuzokhanya endaweni yaKhe, emva kokuba Yena esehambile na?

122 Ngenkathi Esho lapho, "Kuseyisikhashana, izwe lingabe lisaNgibona; kepha niyakuNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe. Izinto eNgizenzayo niyakuzenza nani. Hambani niye ezweni lonke nishumayele iVangeli. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo."

123 Bangakwenza kanjani, noKristu engekho kubo na? Bangakwenza kanjani, lapho uNkulunkulu ebanika isithembiso na? Kodwa, bukani, uNkulunkulu wahlinzeka ngepentekoste, lapho uMoya oNgcwele, enguMuntu, ehla futhi wengamela umzimba womuntu osazofa emva kokuba sebehlanzwe ngokuBuyisana kweNkosi uJesu Kristu. NoMoya oNgcwele wathatha lowomuntu wamlawula Yena uqobo, wase eyamthumela enezibonakaliso nezimanga nezimangaliso kulandela. UNkulunkulu wahlinzeka indlela. Babengenakukwenza ngesingabo. Babengabantu njengawe nami. Babengakwenza kanjani na? Babengeke. Kodwa uNkulunkulu wahlinzeka indlela yokuphunyuka.

124 Lapho be...?...ekamelweni elingaphezulu, babecabanga ukuthi abantu babezohlekisa ngabo. Babecabanga ukuthi babezoba yi*lokhu, lokho*, noma *okunye*. Babewavale onke amafastela, neminyango ikhiyiwe. Babengakwenza kanjani na? Babengamagwala. Babengenamgogodla. Babenethambo lesifuba lenkukhu, futhi kungesiwo umgogodla kaMoya oNgcwele wangempela. Babekhiye iminyango. Babesaba. Babenamahloni okuhamba baphumele phandle futhi babhekane nomphakathi. Babengakwenza kanjani na?

125 Kodwa uNkulunkulu wathumela ipentekoste, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Babhaklaza amafastela neminyango yavuleka, futhi nampaya beya emigwaqeni. UNkulunkulu wakwethembisa. Uma uNkulunkulu ethembisa, uNkulunkulu uyoligcina iZwi laKhe. Uyokwenza indlela yokuphunyuka. Akasoze aniyeka nilingwe ngaphezu kwanoma yini Angeke akwenzela indlela yokuphunyuka. Uyokwenza.

126 Nakhu lapho esikhona, siphile sedlula osukwini losuku oluhwaqabele, olunamafu, oluna imvula. Ibandla linguhhafu phakathi, nohhafu ngaphandle. Bayamangala ukuthi bangakwenza kanjani *lokhu*, futhi bangenza kanjani? Babengenakho ukuKhanya. Kodwa umprofethi wathi, "Kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa." Kungaba kanjani na? Sine...IBandla kulolusuku, leloBandla elinekazimulo elizoba lapha emhlabeni, uma uJesu efika ukuba umukele iBandla elinkazimulo, semukela imvula yamuva, ukuthululwa. Ingxenye ephindwe kabili kaMoya oNgcwele iza

emhlabeni, futhi ishanela zonke izizwe, nemililo yemvuselelo ivutha emagqumeni onke. EShayina, eJapan, evela eKorea, iAfrika emnyama, nasezindaweni zonke, uMoya oNgcwele uthululelwa phezu kwabantu. UNkulunkulu wenza indlela.

127 Aphiliswa kanjani amehlo ami aphuphuthekile na? UNkulunkulu wenza indlela. Haleluya! Yebo, mnumzane.

128 Uyohlala njalo enza indlela. Nokwenzela nina lapha, osemhlabeni namhlanje, nina enilindele induduzo, nina eniyizihambi nabafokazi, yibani njengoDavide.

129 UDavide wayeya empini. Akahambanga exakekile. Akahambanga nophawu olunguhhafu. Akahambanga ecabanga ukuthi mhlawumbe kuzokwenza. Kodwa walinda ehlathini lamajikijolo kwaze kwathi, emva kwesikhashana, kwakungukuthula kokufa, kungahambi lutho. Emva kwesikhashana, emuva le ebangeni, wezwa amaqabunga eqala, eya ngokuzwakala kakhulu nakakhulu nakakhulu. Emva kwesikhashana, ukuphophoza komoya ovunguzayo omkhulu okwahamba phambi kwakhe. Wayazi ukuthi kwakunguNkulunkulu nebandla elingcwele lasezulwini leziNgelosi lihamba phambi kwakhe. Futhi wahosha inkemba yakhe wayeseyithatha impi, wayesesixosha isitha.

130 Mfowethu, ungagxumi uye phezulu bese ucabanga okuthize uma ungakakulungeli ukuhamba okwamanje. Yima! Futhi ubone ukuthi akusikho ukujoyina ibandla, akusikhona ukuxhawulana nomshumayeli, kanjalo akusikho ukubhaphathizwa emanzini. Kodwa kungukwemukela umhlatshelo ohlinzekwe nguNkulunkulu, uJesu Kristu, njengoMuntu enhliziyweni yakho. UMoya oNgcwele uzoqhubeka uhambe phambi kwakho, njengomoya ovunguzayo, ususa yonke into endleleni. Amen. Yilokho-ke. Manje-ke, yibani ngamaKristu. Nina enisendleleni, yibani ngamadoda amesaba ngempela unkulunkulu.

131 Kuzoqubuka imvuselelo lapha, masinya nje, umhlangano wethende omkhulu. Sengiyawubona nje. Kunjalo! Ufuna ukwenzani na? Ziphathe kahle.

132 Lapha esikhathini esedlule, ezansi emazweni aseningizimu, kwakukhona abantu ababevamise ukwedlula bafike bathenge izigqila, kanjalonjalo. Kwenzekile ngacabanga ngalendaba encane. Lapho bedlula, babethenga izigqila, babeqaphela ukuthi abafo-ndini abampofo babekade beshayiwe. Babekuzonda ukushiya izwe lakubo, futhi bayazi ukuthi abasophinde babuye. Abantu abangamaNigro, kwakukubi kakhulu ngendlela ababephathwa ngayo.

133 Ngoluny'usuku kwenzeka baqaphelisisa omunye umfo osemncane namahlombe akhe epheqekile. Babengadingi ukuthi bamshaye. Qhabo, mnumzane. Omunye umthengi uyafika, wathi, "Ngivumele ngithenge lesiya sigqila."

Wathi, "Asithengisi."

134 Wathi, "Awu, yini esenza sehluke kakhulu kangaka na? Ngabe singubasi phezu kwazo zonke ezinye na?"

Wathi, "Qhabo."

135 Wathi, "Yini esenza sehluke na? Ngabe usidedela sidle kangcono na?"

Wathi, "Qhabo. Sidla nazo zonke ezinye."

Wathi, "Yini esenza sehluke kakhulu kangaka na?"

136 Wathi, "Kwenzeka ngafunda ukuthi uyise uyinkosi yesizwe. Nakuba sisezweni elikude, sisalokhu sihlehlisa amahlombe aso. Siyindoda ezalwa ebukhosini. Uyise uyinkosi. Nakuba sasingumfokazi, uYise uyinkosi.

> Ubaba wami ucebile ngezindlu nezwe,
> Uphethe umcebo wezwe ngesandla saKhe!
> Wamatshe abomvu klebhu ayigugu amarubhisi namadayimane, nesiliva negolide,
> Amabhokisi akhe agcwele, Unengcebo engakhulumekiyo.

137 Thina, abantu lapha balelitabernakele, sinobufakazi obungenasiphosiso bokuvuka kweNkosi uJesu, nemvuselelo eyashanela izwe; isukela endaweni encane ethobekile njengalena, ayingaphezu komkhombe waseBetlehema, futhi mhlampe ithobeke kakhulu. Kodwa ngokusukela lapha, uNkulunkulu uthumele imvuselelo enkulu, ishanele amashumi ezinkulungwane, yebo, ezigidini, eMbusweni kaNkulunkulu.

138 Uyafuna ukuba yisakhamuzi esingumfo wakithi kanye nathi na? Usulungele kulobubusuku, soni, ukulahla phansi ukunganaki kwakho, ulahle phansi impilo yakho yesono na? Bese uqondisa amahlombe akho bese ujoyina lesisikhundla sempi, sabantu abamasha beqonde phambili, bekholwa ukuthi ukuBuyisana kweNkosi uJesu Kristu usihlanza esonweni sonke.

Sizokhuleka, lapho sikhothamisa amakhanda ethu.

139 Baba wethu onomusa waseZulwini, kulobubusuku, njengoba silindele Wena, sibheke uMoya oNgcwele kaNkulunkulu ukuba uhambe uphumele kulezizethameli nokwenza okuningi kakhulu ngokweqile. Njengoba nje manje silungele, ngokuhlwa kokuthatha isidlo, O Baba, Nkulunkulu, sikhulekela ukuthi Uzokhuluma ezinhliziyweni yezoni, kulobubusuku. Mabeze, Nkosi, ngokwesisusa kungesikho phezu kwamadlingozi, kungesikho phezu kwendaba ethize edabukisayo, kodwa phezu kweleqiniso elimsulwa iZwi likaNkulunkulu. "Ukuthi uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, Wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa, ukuba yilowo nalowo okholwa yiYo angababhubhi kodwa abe nokuPhila okuPhakade."

140 Nkulunkulu, yipha, kulobubusuku, ukuthi amaZwi eNkosi uJesu, kuJohane oNgcwele 5:24, azonkeneneza kuzozonke izinhliziyo. "Ozwa amaZwi aMi akholwe ngoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade, futhi akasayi ekwahlulelweni, kepha wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Kwangathi abaningi bangedlula, ngalelihora, ekufeni bangene ekuPhileni, njengoba silindela uMoya oNgcwele, ngeGama likaJesu Kristu.

141 Namakhanda ethu ekhotheme. Angazi, njengoba udade elishaya, uma . . . Wonke umuntu, mKristu, akabe semkhulekweni. Ngabe ukhona owesilisa, owesifazane, umfana, noma intombazane, ozophakamisela isandla sakho kuNkulunkulu, hhayi kimi na? Bese ethi, "Kuyo le . . . ngiphakamisa isandla sami, ukuba ngithi kuWe, Nkulunkulu, ngikholwa ukuthi ukwahlulela sekulungele ukugadla emhlabeni. Futhi ngiphansi kokulahlwa kwalokhu ukwahlulelwa. Ngifanele ngahlukaniswe noNkulunkulu, ebukhoneni beBandla, ebukhoneni babantu abangamaKristu. Ngifanele ngihlushwe kuze kube-phakade, esihogweni saPhakade. Kodwa, kulobubusuku, ngiyawuzwa uMoya waKho ukhuluma kimi, ukuthi ngifanele ngibe ngokhethiweyo kaNkulunkulu. Ngokuba, uJesu wathi, 'Akekho ongeza kiMi, uma uBaba engamdonsi.' Futhi ngizwa ukudonsa okuyinqaba enhliziyweni yami, ukuthi manje ngifuna ukwemukela uKristu njengoMsindisi oqondene nami. Futhi, Nkulunkulu, ngiphakamisela isandla sami kuWe, futhi ngithi, kulokhu, mina manje sengemukela iNdodana yaKho, uJesu Kristu, umhlatshelo waKho ohlinzekiweyo, ngokugula kwami nezono zodumo olubi. Manje ngiphakamisela izandla zami kuWe." Uzokwenza na?

142 Owesilisa noma owesifazane, umfana noma intombazane, phakathi lapha, ngalomzuzwana, nizophakamisa izandla zenu bese nithi, "Ngalokhu, mina manje sengemukela iNkosi uJesu Kristu njengoMsindisi wami." Ngilindele umzuzwana kini ukuba nenze isinqumo senu. Phakamisa isandla sakho nje. UNkulunkulu akubusise, mfana omncane. Omunye futhi phakamisa isandla sakho, uthi . . . uNkulunkulu akubusise, mfowethu. Kulungile. Ukwenza kuNkulunkulu, hhayi kimi.

143 "Ababhaphathizwayo, futhi kwenezelwa ebandleni." Imiphefumulo eyizinkulungwane ezintathu yasindiswa.

Kukhona umthombo ogcwaliswe ngeGazi.

144 Impela. Nizobhukuda manje, ngokukholwa, nithi, "Nkosi Nkulunkulu, manje sengiyazigqashula. O, ngenyukele ealtare, izikhathi eziningi. Ngenze *lokhu, lokho*, noma ngijoyine ibandla. Ngizame ukuphunyuka olakeni. Kodwa, kulobubusuku, ngiza ngapha, phezu kwezisekelo zikaJesu Kristu efa esikhundleni sami, WayeyiWundlu lomhlatshelo. Wayeyimbuzi eyisesulelo. Wayeyikho konke. Futhi, kuYe, ngiphelele. Wathwala izono zami. Wathatha indawo yami eKalvari. Wathatha indawo

yami phansi kolaka lukaNkulunkulu. Wathatha indawo yami phansi kwesijeziso sikaNkulunkulu. Wathatha indawo yami esihogweni. Nokuba mina ngithathe indawo yaKhe eZulwini, ukuba ngibe yindodana kaNkulunkulu, manje sengiyazemukela lezozisekelo khona manje. Njengesoni, ngiyakholwa." [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

Lapho izoni zibhukuda ngaphansi kweGazi,
Kusuka onke amabala azo ecala.
Kusuka onke azo . . .

145 Yibani semkhulekweni, bandla, ngenkathi umuntu othize esenza isinqumo seNkosi. Khulekani. Kusuke okungakanani na? Lonke ibala labo lecala. IJuda, oweZizwe, oyisigqila nokhululekile, isoni noma ilunga lebandla, umpristi, udokotela, ummeli, kumbe noma yini ongaba yiyo, ususe lonke ibala lecala lakho, ngokukholwa eNkosini uJesu, Memukele njengoMsindisi oqondene. Lalelani lelivesi, lapho sicula ngokuthula manje.

Isela elifayo lajabula ukubona
LowoMthombo . . .

146 Ekupheleni kwendlela, onke amathemba engasekho, nakho kubonakala uMthombo. Ngabe senisekugcineni, kulobubusuku, bentando okungeyenu na?

Izoni zibhukuda ngaphansi . . .
Kusuke lonke ibala lecala lazo.
Kusuke lonke ibala lecala lazo,
Kusuke . . .

147 Manje, Baba waseZulwini, konke kusezandleni zaKho. Owesilisa osemdadlana nomfana omncane baphakamise izandla zabo, ukuthi bebefuna ukuKwemukela, uMthombo usavuliwe ngeZwi. Siyayithokozela inhlanganyelo yaKho, Nkosi, uMoya oNgcwele.

148 Mhlawumbe bonke bangamaKristu, bonke baphephile. Wena uyazazi izinhliziyo zabo, Nkosi. Bangahle ukuba bawele ngisho nomugqa phakathi komusa nokwahlulelwa, abafisi neze futhi ukuphakamisa isandla sabo, noma abafisi neze futhi ukuba yinoma yikuphi ukuzwa ukuthi Ubuzobabiza. Ngiyakhuleka, Baba, uma kuba yilolodaba, hawukela.

149 Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi uzomsindisa lomlisa, Nkosi. Ngikhulekela ukuthi khona manje, phansi enhliziyweni yakhe, izinsimbi zokujabula zaseZulwini iyakhala. Nalowomfana omncane, indlela efanayo. Sazi lokhu, ukuthi uJesu wenze lenkulumo-mbiko, "Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okungunaphakade, futhi akasoze angena ekwahlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Lelo yiZwi laKho, Baba, futhi siyaLikholwa. Baphe ukujabula kwangunaphakade manje ukuthi bemukele ukuPhila okungunaphakade. Siyakhuleka, ukuthi Wena uzokwenza

impilo yabo igcwale injabulo, futhi bathele izithelo futhi bajabule. Siphe khona, Nkosi.

150 Busisa abanye, njengoba silindele kuWe, eGameni likaJesu siyakhuleka. Amen.

